# ISITATIMENDE SABEZINDABA NGOGWAYI I-GOLD LEAF TOBACCO

**Tshwane, 26 kuNcwaba 2022 –** USARS uyawemukela umyalelo okhishwe yiNkantolo Ephakeme i-North Gauteng High Court okhipha umyalelo wokulondoloza ngokwesigaba se-163 soMthetho Wokuphathwa Kwentela Nombolo 28 wezi-2011 obhekene nenkampani i-Gold Leaf Tobacco Corporation nabaqondisi bayo, oMnumzane uRudland no-Adamjee. USARS ubulokhu uphenya uphinde ulwisane nomnotho ongemthetho ugxile kakhulu embonini kagwayi, igolide kanye nezinikimandla kulo nyaka owedlule, kanti lokhu kungokunye kwezinyathelo eziningi zokuphoqelela umthetho ezenziwa nguSARS.

USARS uqinisa amandla awo okwenza ukungathobeli izibophezelo zentela ngokomthetho kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abenza lobu bugebengu. Umyalelo wokulondoloza utholwa ukuze kuvinjelwe impahla edliwe ukuze ichithwe ukuba ihlakazwe okuholela ekuphazamisekeni kokuqoqwa kwentela.

“Indlela yokuziphatha yokungathobeli kwabakhokhintela incisha uHulumeni izinsizakusebenza ezisemthethweni okulimaza uMbuso kanye nomphakathi waseNingizimu Afrika. Ekulwisaneni nalesi sihlava, uSARS uzoqhubeka wenze umyalelo wawo ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ubandlululo,” kusho uKhomishana wakwaSARS, uMnu. Edward Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za